IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

09/2015 Intshumayelo ngesonto 01emva komkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 11. 01. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kwabaseRoma 8:14, lithi: **"Ngokuba bonke abaholwa nguMoya kaNkulunkulu, labo bangabantwana bakaNkulunkulu."**

1. Iculo 74/67

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Baba onothando olungalinganiseki, ngokuba uthanda abantu bonke emhlabeni wonke, sibuthene lapha ukuze sizwe izwi lakho. Ngakho siyacela ukuba usiphe uMoya wakho ukuba avule izindlebe zethu, ukuba sizwe izwi lobufakazi ngeNdodana yakho uJesu Kristu onguMsindisi wabantu bonke nathi thina esingabezizwe. Futhi siphe izinhliziyo ezibambelela kuye uJesu Kristu sisekhona lapha emhlabeni, size sifinyelele ebukhosini basezulwini. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe ku-Isaya 42:1-9;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 12:1-8;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kMathewu 4:12-17.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 75/68

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 3:13-17, lithi: "Khona uJesu evela eGalile wafika kuJohane eJordani ukuba azobhapathizwa nguye. Kepha uJohane wamalela wathi: Yimi engiswela ukubhapathizwa nguwe; wena uza kimi na? UJesu waphendula, wathi kuye: Vuma kalokhu, ngokuba kusifanele ukugcwalisa kanjalo ukulunga konke. Khona wayesemvumela. UJesu esebhapathiziwe wakhuphuka masinyane emanzini; bheka, izulu lavuleka, wabona uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba, eza phezu kwakhe. Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi, namuhla lisonto lokuqala emva komkhosi wePhifaniya. Ngomkhosi wePhifaniya, nangamasonto awulandelayo siyakhumbula kakhulu ukubonakaliswa kukaJesu kwabezizwe. Sikhumbula ivangeli elashunyayelwa ngesonto elidlule ngomkhosi wePhifaniya, lasitshela ngezazi ezafika ukubona uJesu. Lezizazi kwakungabantu bokuqala

abavela kwabezizwe ukumbona nokukhuleka kuJesu, bambulelwa inkazimulo kaNkulunkulu, okwakungekho umuntu owayenamandla okuyibona ngokwakhe. Njengalokhu isizwe sonke sakwaIsrayeli sasimlindele uMesiya owayethenjisiwe ngabaprofethi abaningi emiBhalweni engcwele, yena lowo-ke owayethenjisiwe wayesefikile, kepha lesisizwe kasikwazanga ukumbona ngokwaso, nabazali bakaJesu kabakwazanga ukumambula kubantu, ngokuba abantu babengenakubamukela ubufakazi babo.

Kulelivangeli lanamuhla sibona ukuthi yena uNkulunkulu uqobo wamethula uMesiya uJesu Kristu kuwo umphakathi wesizwe sakwaIsrayeli, ukuba aqale umsebenzi wakhe. **Ngakho uNkulunkulu wambonakalisa ngokufakaza:**

1. ngamazwi kaJohane uMbhapathizi,
2. ngoMoya kaNkulunkulu owehla njengejuba,
3. ngezwi likaNkulunkulu elavela ezulwini.

1. Amazwi kaJohane uMbhapathizi. UNkulunkulu uqobo wamthuma uJohane ukuba abengumlungisi wendlela kaKristu nommemezeli wokufika kwakhe, okwathi-ke ngaleyomihla uJohane waphumela ehlane, waqala umsebenzi wakhe abewuthunywe nguNkulunkulu wokumlungisela uKristu indlela, okwathi izintshumayelo zakhe zanyakazisa bonke abantu ezweni laseJordane naseJerusalema naseJudiya lonke babuthanela kuye. Kuyabonakala ukuthi amazwi amakhulu uJohane ayewamemezela kuzo izixuku ngaleyomihla kungathi waphinda kaningi ukuthi: Phendukani, ngokuba uMesiya ususeduze, okuwukuthi uJesu ususeduze, kungathi waqhubeka wathi, ukuze anifumane nikuso isimo esithandeka phambi kukaNkulunkulu, ngakho vezani izithelo ezifanele ukuphenduka, ningathembi ukukholwa kukaAbrahama, ngokuba kaninakusindiswa ngakho. Ngokuba lowo ozayo uzakubalahla bonke abangavumi ukuphenduka, kodwa labo abaphendukayo uyakubamukela embusweni wakhe.

Khona ngazo lezozinsuku kwafika uJesu kuJohane eJordane, wacela ukuba naye abhapathizwe nguJohane. Kepha uJohane wambulelwa nguNkulunkulu ukuba ambone lowo ayekhuluma naye ukuba nguye uMesiya ongcwele ongenasono. Ngakho uJohane wasenqaba lesisicelo sikaJesu, ngokuba wazibona engafanele ukuba kuthi yena ongumuntu oyisoni abhapathize iNdodana kaNkulunkulu engenasono. Ngakho uJohane wafakaza ngamazwi, wathi: "Yimi engiswela ukubhapathizwa nguwe, wena uza kimi na?" Masisho ngokungangabazi ukuthi bonke abamuzwayo uJohane uma ekhuluma kanje, bamubheka uJesu, bazindla ukuthi: Kungabe ngubani lo, uJohane akhuluma ngaye na? Futhi kuyabonakala ukuthi: Yingalendlela uNkulunkulu uqobo amethula noma

amembula ngayo kuwo umphakathi wesizwe sakwaIsrayeli, nokuba aqale umsebenzi wakhe. Nokho uJesu wamluleka uJohane ngokuthi: Vuma ukuba kugcwaliswe ukulunga konke. UJohane wamvumela

elalela izwi leNkosi. Yabhapathizwa-ke iNkosi kuwo umbhapathizo kaJohane wokuphenduka. Ongenasono wavuma izono zesintu, ukuba isintu sonke siphiwe ukulunga.

2. UMoya kaNkulunkulu owehla njengejuba. UJohane esefakazile ngalamazwi athi: Yimi engiswela ukubhapathizwa nguwe, wena uza kimi na, nangokwenza njengalokhu uJesu wamluleka, kwase kuthi-ke uJesu esebhapathiziwe wakhuphuka masinyane emanzini. Bheka uNkulunkulu uqobo wafakaza futhi ngenye indlela, kwabonakala izulu livulekile, kwabonakala uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba, wehlela phezu kwakhe. Kasizwa ukuthi bonke abantu ababebuthene lapho bathini uma bebona lombono. Nokho kusobala ukuthi kabawuvalanga umlomo ngakho konke okwenzeka ngalelolanga. Lesisibonakaliso afakaza ngaso uNkulunkulu sikaMoya oNgcwele ofana nejuba, sikhomba umusa nokuthula kukaNkulunkulu okuvela kuye ezulwini kwehlela emhlabeni ngaye uJesu Kristu. Ngokuba ijuba siyalibona nakuye uNowa ngesikhathi sikazamcolo, laba-yisibonakaliso esasikhomba ukuphela kwamanzi ayebhubhisa abantu. Siyalibona futhi nakuyo iminikelo emithethweni yakwaIsrayeli, ijuba lalingesinye salezozilwane okwakunikelwa ngazo, ukuba lowo onikele ngalo aphiwe ukuthula kunembeza. Ngakho-ke lesisibonakaliso esabonakala mhla uJesu ebhapathizwa sikaMoya oNgcwele owehla njengejuba, sikhomba umusa nokuthula kukaNkulunkulu okuvela ezulwini kwafika emhlabeni, okunguJesu Kristu iNdodana yakhe. Ngakho sesingasho ukuthi bonke abantu abamamukelayo uJesu bamukela umusa kaNkulunkulu. Lomusa uyamukelwa ngokulamukela ivangeli. Owamukela ivangeli wamukela ubufakazi bukaNkulunkulu abufakazile ngeNdodana yakhe.

3. Izwi likaNkulunkulu elavela ezulwini. Ubufakazi bukaNkulunkulu busaqhutshwa: "Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo." Masisho ngokungangabazi ukuthi bonke abantu ababebuthene lapho balizwa lelizwi. Futhi kusobala ukuthi uNkulunkulu wakhuluma ngolimi abaluzwayo, ukuze baqonde lokho okushiwoyo. Futhi kuyabonakala ukuthi: Lokhu ukufakaza kukaNkulunkulu ngalendlela kwaba-lusizo olukhulu kuwo umphakathi wesizwe sakwaIsrayeli owawubuthene lapho, ukuba umqonde kahle lowo owayemi phakathi kwabo ngalowomzuzu ukuba ungubani. Ngokuba ukufakaza kukaJohane kungathi kwaveza umbuzo phakathi kwalabo abamuzwayo wokuthi: Ngubani lo? Umbuzo onje uya ngokukhula phakathi kwabantu, ngokuba besalalele amazwi kaJohane. Bheka, izulu lavuleka, uMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwakhe. Kusobala ukuthi wakhula umbuzo othi: Ngubani lo? Kepha uNkulunkulu wathi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo. Yingalamazwi uNkulunkulu amveza, ambonakalisa, amembula ngawo, ukuba bonke bamazi ukuthi: Lo uyiNdodana ethandekayo kaNkulunkulu. Futhi kulelizwi siyabona uthando uNkulunkulu asithanda ngalo, nokuba thina esamhlubuka kanje! Kepha uNkulunkulu akayigodlanga iNdodana yakhe ukuba ibe-yinhlawulo yethu. Futhi lona lelizwi uNkulunkulu ambonakalisa ngalo yilo lelizwi umphakathi wakwaIsrayeli owambulalela lona, bethi: Uzenza iNdodana kaNkulunkulu. Ngokuba ababemukelanga ubufakazi bakhe, ngakho balahlekelwa yinsindiso yabo. Kepha ababemukelayo bamukela insindiso evela kuNkulunkulu. Kunjalo

nanamuhla uKristu usabonakaliswa emhlabeni wonke, ezizweni zonke, ukuba abe-nguMhlengi wabo bonke abantu, ubonakaliswa ngezwi nangamasakramente. INkosi mayisisize ukuba simamukele uKristu, aze abongwe adunyiswe uNkulunkulu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, siyakubonga ngokuba sesizwile izwi lakho. Siyabonga ngoba uyasimema ngevangeli lakho, ukuba siphume ebumnyameni, singene ekukhanyeni kwakho. Siphe uMoya wakho, ukuba samukele ubufakazi bakho, sikholwe yiNdodana yakho ethandekayo uMsindisi wethu. Siza ukuba samukele uthando lwakho osambulela lona, ukuba sihlale kulo, nalo luhlale kithi, singehlukani, ukuze kubongwe kudunyiswe uNkulunkulu ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 73/66

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ilotshiwe ngo-1975/2003/2009 ngu-I. Dube (†).

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.